

INTELA YENGENISO LOKUQASHISA

Liyini ingeniso lokuqashisa?

Uma umuntu eqashisa ngendawo (okuvamise ukuba yindawo yokuhlala) bese ethola ingeniso ngalokho kuqashisa, inani lengeniso alitholayo lizotheliswa.

Izindawo zokuhlala eziqashisayo zingabandakanya:

- izindlu zamaholide
- izakhiwo ezihlinzeka ngendawo yokulala nokudla
- izindlu zezivakashi
- ukuqashisa ngengxenye yekhaya lakho, isib. ukuqashisa ngegumbi noma ngendlu encane engaphandle
- izindlu zokuhlala kanye
- nezinye izindawo zokuhlala ezifana nalezi.

Ibalwa kanjani intela kungeniso lokuqashisa?

Ingeniso lokuqashisa olitholayo kumele lifakwe kwenye ingeniso olitholayo, kodwa lizophinde lincishiswe izindleko ezithile ongene kuzo ezivumelekile. (bheka ngezansi)

Uma kukhona ezinye izimali ozikhokhelwayo ngokuqashisa ngendawo yokuhlala, ngaphezu kwemali yokuqashisa yanyanga zonke, lezi zimali nazo zizobanjelwa intela yengeniso. Ezinye izimali zingabandakanya, isibonelo, izimali zokuqashisa ezivamise ukukhokhwa ziyisamba ekuqaleni kwesivumelwano, okungukuthi yonke leyo mali iyatheliswa ngonyaka wokuhlala okutholakale ngawo leyo mali.

Uma umqashisi ethola imali yediphazithi akumele ayifake kumholosamba ngesikhathi ekhokhwa ngaso, uma kungukuthi kunesibopho sokuthi lo oqashisayo uzobuye ayibuyisele leyo diphozithi esikhathini esizayo. Izoba umholosamba uma isisezandleni zomqashisi uma idiphazithi isifakwe umqashisi. Kodwa-ke, indlela idiphazithi yokuqashisa ethathwa ngayo kumele kubhekwe amaqiniso nezimo ngesimo ngasinye.

Ngabe ingeniso lokuqashisa liaykwazi ukuncishiswa?

Yebo, ingeniso lokuqashisa lingancishiswa ngezindleko ongene kuzo ezivumelekile ngesikhathi usaqashisile. Yizindleko ozithwale ngokwenziwa kwengeniso lokuqashisa ongakwazi ukufaka isicelo sokukhokhelwa zona. Nayiphi enye ingqalabhizinisi kanye/noma izindleko eziseceleni angeke zivunyelwe njengokubanjelwa.

Yiziphi izindleko ezivumelekile?

Izindleko ezivumelekile ezingabanjwa kungeniso lokuqashisa zibandakanya:

- intela

- inzalo yesikweletu sendlu
- izikhangisi
- izindleko ze-ejensi edayisa neqashisa ngezindlu
- umshwalense (umshwalense womninindlu hhayi umshwalense wezinto ezisendlini)
- umsebenzi wengadi
- ukulungisa indawo ozoyiqashisa kanye
- nelevi yezokuphepha nempahla

Yiziphi izindleko ezingavumelekile?

Izindleko ezingaba yingqalabhizinisi noma ezingezona ezidalwe ingeniso lokuqashisa angeke zivumeleke. Isibonelo, lezi zindleko zingabandakanya izindleko zokwenza ngcono indlu. Ukwenziwa ngcono kwendlu akumele kuphazanyiswe nokulungisa okulimele kanjalo nokugcina izinto zisesimweni esihle okuvumelekile njengokubanjelwa. Ukulungisa nokugcina izinto zisesimweni esihle kungenzeka uma umuntu ezama ukugcina izimpahla zisesimweni sakuqala emva kokulimala noma kokuguga. Ukulungisa kuvame ukwenzeka uma kufakwa impahla engcono kunale ebikhona. Ukuze uthole ukuthi ukulungisa, ukugcina esimweni esihle noma ukwenza ngcono kwenzekile yini, kumele kuhlolwe okwenziwe nezimo zodaba ngalunye.

Yize ukwenziwa ngcono kungavumelekile njengokubanjwayo engenisweni lokuqashisa, kodwa inani lalapho lingafakwa ezindlekweni zendlu, ukuze kunciphe inzuzo yengqalabhizinisi (noma ukuphunza) uma sekufika isikhathi sokuchitha lesi sakhawo, ngenhloso [yentela yenzuzo yengqalabhizinisi](#).

Ukuhlinzeka ngendawo yokuhlala ukuhlinzeka okulengiselwayo intelantengo, ngalokho ayikho intelantengo ebanjwayo ezindlekweni zokuhlinzeka ngendawo yokuhlala.

Kwenzekani uma izindleko zingaphezulu kwengeniso lokuqashisa?

Uma kungase kwenzekile izindleko zibe ngaphezulu kwengeniso lokuqashisa, lokho kuphunza kumele kukwazi ukubanjwa kwelinye ingeniso lomuntu, inqobo nje uma lokho kuphunza "akuvalelwe" uma kuvela ukuhlinzkelwa okungeke kugwemeke. Ngolwazi olwengeziwe, bheka isiQondiso sethu ngokuvalelwa kokuphunza okuhloliwe okwenzeka ekuhwebeni okwenziwe abantu ngabanye i-[Guide on ring-fencing of assessed losses arising from trade conducted by individuals](#).

Umuntu lowo kumele akwazi ukwenelisa abakwa-SARS ngokuthi uthwele uhwebo lwangempela ngokuqashisa impahla yakhe.

[Bheka izibonelo zokuthi zibanjwa kanjani izindleko.](#)